

Ibhukwana Lezinyathelo Zokufundisa Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwa Uthisha



Shuter & Shooter
PIETERMARITZBURG • JOHANNESBURG • EAST LONDON • CAPE TOWN

Ababhali nabashicileli bayabonga ukunikwa imvume ngabanikazi bemisebenzi ukuba kusetshenziswe imisebenzi yabo kule ncwadi. Kwenziwa konke okusemandleni ukuthola bonke abanikazi bemisebenzi futhi abashicileli bangajabula ukuthola imininingwane engabasiza ukuze kulungiswe okusele nokungamaphutha uma incwadi isigaywa ngokulandelayo.



KUYICALA UKUFOTHOKHOPHA NOMA YILIPHI IKHASI KULE NCWADI NGAPHANDLE KWEMVUME EBHALWE PHANSI EVELA KUBASHICILELI

Shuter & Shooter Publishers (Pty) Ltd
Shuters House, 110 CB Downes Road, Pietermaritzburg 3201, KwaZulu-Natal, South Africa
PO Box 61, Mkondeni 3212, KwaZulu-Natal, South Africa

Copyright © Shuter & Shooter Publishers (Pty) Ltd 2022

First edition 2022

This is an isiZulu reading series: Izinyathelo Zokufunda

Onke amalungelo agodliwe.
Akukho ngxenye yaleli bhuku engashicilelwa kabusha, igcinwe noma yenziwe esinye isimo, kungaba ngokufothokhopha, ukuqopha noma ngayiphi enye indlela ngaphandle kwemvume ebhalwe phansi yabashicileli. Lowo oyokwenza noma yini engagunyaziwe mayelana naleli bhuku uyobekwa icala noma ahlawuliswe kanzima.

Printed by Paarl Media *paarlmedia* , a division of Novus Holdings
xxxx

Uhlu lokuqukethwe

Isingeniso v

Ubani lo? 1

Nina nobabili! 7

Deda bo! 13

UKuku nezembe 21

UBathathe 27

Amaqanda kaKuku 35

Isingeniso

Le incwajana eqondene ngqo nokusiza othisha ukuba bakwazi ukusebenzisa lolu chungechunge lwezincwadi **zesifundo sokufunda ngamaqembu** ezihlelwe ngokwamazinga okufunda. Kunezincwadi eziwuchungechunge olubomvu ezisezingeni lokuqala ezalaba bafundi abasesezingeni lemisindo ngokuka- EGRA. Sizosiza othisha ngezifundoabazozilandela usuku nosuku ukusiza abafundi abasezingeni lokuqala ngqa lokufunda. Enye yezimbangela eyenza kungaphumeleli ukufundisa ngamaqembu, ukungabi nesikhathi sokuhlela izifundo zesikhathi sokufunda ngamaqembu.

Nazi izinyathelo uthisha azozilandela uma enalezi zincwadi ezisezingeni loku-1.

Isinyathelo sokuqala:

- Qiniseka ukuthi amaqembu uwathole ngokusebenzisa u -EGRA noma i-rubrikhi ukuwahlunga.
- Qikelela ukunikeza yilo nalowo mfundi ithuba lokuphendula noma ukufunda.
- Akekho umfundi okumele kuphele isikhathi engatholanga ithuba.

Ukulungiselela isifundo:

Incwadi yo-1 Ubani lo?

Eyabasezingeni lokuqala abaqala ukufunda (izinga lemisindo)

Isihloko: “Ubani lo?”

Yiba nekhadi elinesihloko sencwadi.



Yiba nalawa makhadi amagama amasha:

Amagama amasha	
isikhukhukazi	Izithombe
ikhaneli	imithinyane
ikati	isilwane esinobungani
indlu	imidlwane
inkukhu	ukufuya
esikhundleni	ncelisa
ebaleni	amachwane

Esifundweni soku- 1

- **Xoxa** ngekhava yencwadi bese wethula isihloko sendaba,
- **Buze** lemibuzo: "Kukuphi lapha uma ucabanga?, Ingabe kusedolobheni, ehlathininoma ekhaya?, Usho ngani?"
- Kukhona ini kuleli ikhaya? Uyazibona izihlahla? Zingaki izindlu ezikhona?
- **Khomba** ichwane nomdlwane.
- **Buza**, "Yini le?"
- **Chaza** ukuthi umntwana wenkukhu ichwane nomntwana wenja umdlwane
- **Babonise** lamagama: **ichwane & umdlwane**
- **Buza**: "Wenzani umdlwane?"
- Yethula isihloko sencwadi:

Ubani lo?

- **Baqagelise**: "Ingabe izokhuluma ngani indaba?, Yini usho kanjalo?"
- **Chaza**: lencwadi eyezinga -1 incwadi **-1 khomba** lokho okusho njalo
- **Yisho** ukuthi zikhona ezinye izincwadi -5 zaloluchungechunge olubomvu abazozifunda uma beqeda le yokuqala.

Uma kusasele isikhathi vula ikhasi elilandeleyo

- **Funda** isihloko '**Ubani lo?'**
- **Buza**, "Ubani lo osesithombeni?"
- **Vula ikhasi**.
- **Chaza** ukuthi yabhalwa ngo 2017 lencwadi, abakwa- Shuter & Shooter Kwazulu Natal nenombolo yencwadi.
- **Dlala umdlalo** wokukwazi ukuzwa imisindo**: umsindo /u/** ekuqaleni kwamagama **Ubani lo? umdlwane ichwane, ukufuya, ukuncelisa, imithinyane Abafundi baphakamisa izithupha uma bezwa u -u ukuqaleni kwegama, bazibhekisa phansi uma bengazwanga u -u ekuqaleni kwegama.**

Emuva komdlalo **babonise** amagama angezansi
Banike umsebenzi wemisindo ozobasiza: njengokukokolozela u- 'u'

Kokelezela unkamisa -u kulamagama angezansi	
umdlwane	imithinyane
ukufuya	isilwane esinobungani
indlu	imidlwane
inkukhu	ukuncelisa
esikhundleni	ebaleni

Esifundweni sesi- 2: Qhubeka ukhulume ngezithombe

- **Bakhumbuze** ngesihloko sencwadi: **'Ubani lo?'**
- Buza imibuzo ngekhava

Vula ikhasi -1,

- **Buza**, "Ubani lo? Lenzani ikati?"
- **Babonise** igama – **ikati-**
- **Yisho, "**Igama lekati **uNono."**
- **Buza: "**Ubani ofuye ikati ekhaya? Ubani othanda ikati?"

Vula ikhasi -2,

- **Buza, "**Ubani lo? Babonise igama- **inja.**
- **Batshele** igama lenja **u-'Bathathe'**
- **Buza, "**Ubani ofuye inja? Ubani othanda inja?"

Vula ikhasi -3

- **Buza, "Uba**ni lo?
- **Babonise** igama **–'inkukhu'**
- **Babonise** igama u **'Kuku'**

Vula ikhasi -4

- **Buza**, "Kwenzakalani manje? Yini abantwana benkukhu?"
- Babonise igama: 'amachwane'
- **Buza, "**Yini indlu yenkukhu?"
- Babonise igama – 'ihoko'

Ikhasi -5

- **Buza, "**Ubani lo? Uhlezi kuphi? Ingabe ikati linendlu?"

Ikhasi -6

- **Buza**, "Ubani lo? Ukuphi? Yini indlu yenja?"
- **Babonise** igama **-ikhaneli**

Ikhasi -7

- Buza, "Kukuphi lapha?" Isizathu. UKuku wenzani? Uwanakekela kanjani amachwane akhe? "
- **Abaqagele** sekuzovela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?
- **Yisho, "**Siyoqhubeka ngelinye ilanga."

Basize ngokuzwa umsindo osekugcineni kulamagama alandelayo

uKuku > u
uNono >o
uBathathe > e
inkukhu > u
ikati > i
inja > a

Banike umsebenzi uma sebeyohlala phansi ukubasiza.

Umsebenzi:

Qedela lamagama ufake unkamisa ofanele ekugcineni:
a e i o u

UKuk-
UNon-
UBathath-
inkukhu
ikat-
inj-
amachwan-

Esifundweni sesi-3:

- **Bakhumbuze** ngesihloko sencwadi. 'Ubani lo?'
- **Buza,** "Obani laba? Bebenzani esifundweni esidlule?"
- **Buza,** "Kugcine kwenzekani?"
- **Babonise** la nagcina khona
- **Buza, "**Qagela sekuzokwenzakalani?"

Vula ikhasi-8

- **Buza, "U**bani lo? Kwenzakalani? Yini abantwana bekati?"
- Babonise igama, 'imidlwane'

Ikhasi 9

- **Buza, "W**enzani uBathathe? Yenzani imidlwane?"

Ikhasi 10 ne 11-

- **Buza,** "Obani abalingiswa kule ndaba? Ingabe bakhuluma ngani uma ucabanga?"

Ikhasi 12 no 13-

- **Buza**, "Ingabe sekwenzakalani manje?
- **Asibheke uBathathe**, "Yini indaba egibele emgqonyeni wezibi?"
- **Bheka umthinyane, "Wenzani** phezulu? Uzokwehla kanjani?"
- Abaqagele ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo.

Banike usizo lokukwazi ukuzwa nokubona imisindo emagameni:

uNono > u/N/o/n/o/

uBathathe > u/B/a/th/a/th/e/

inkukhu > i/nk/u/kh/u

ikati > i/k/a/t/i

i/inja > i/nj/a/

Banike umsebenzi ongezansi uma sebeyohlala phansi.

Umsebenzi: Hlukanisa amagama ngokwemisindo	
UNono	u/N/o/n/o/
uBathathe	u/B/a/th/a/th/e
uKuku	
inkukhu	
ikati	
inja	
amachwane	

Esifundweni sesi- 4:

Akufunde umfundi ngamunye.

- Funda isihloko. **'UBani lo?'**

Ikhasi -1

- Buza, "Ubani lo? Umfundi, "**Lo uNono.**"

Ikhasi -2

- **Buza, "U**bani lo? munye umfundi, **Lo uBathathe**

Ikhasi 3-

- **Buza, "U**bani lo? Kufunde omunye, **Lo uKuku**

Ikhasi 4

- **Buza, "Ub**ani Lo? Kufunde omunye, "**Lo uKuku namachwane akhe esikhundleni."**

Ikhasi -5

- **Buza** uBani Lo? Kufunde omunye, "**Lo uNono embhedeni wakhe."**

Ikhasi -6

- **Buza, "**Ubani lo? Kufunde omunye, "UBathathe **kukhaneli indlu yakhe."**

Ikhasi -7

- **Buza, "**Ubani lo?" Kufunde omunye, "Lo uKuku namachwane akhe uwapha ukudla**."**

Ikhasi 8

- **Buza, "U**bani lo? Kufunde omunye, "Lo uNono nemithinyane yakhe. Uyayincelisa."

Ikhasi -9

- **Buza, "U**bani lo? Kufunde omunye, "Lo uBathathe nemidlwane yakhe uyayincelisa."

Ikhasi -10 no 11:

- **Buza, "**Obani laba? Kufunde omunye, UKuku isikhukhukazi, uNono ikati, uBathatheinja."

Ikhasi 12 no 13

- **Buza, "**Obani laba?" Kufunde omunye, " Abangani uKuku, uNono no Bathathe Kanye nabantwana babo.
- **Buza benzani?** Baziphumulele kamnandi nanantwana babo.

Ikhasi 14-

- **Buza, "**Ubani lo?" Kufunde omunye, "Lo uKuku nechwane lakhe kanye nomdlwane **nomthinyane."**

Abaqagele ukuthi bashonephi abangani bakaKuku.

Basize ngokuhlukanisa amagama ngokwe-malunga, bashaye izandla

u	No	no	
u	Ku	ku	
u	Ba	tha	the
i	nku	khu	
i	nja		
a	ma	chwa	ne
i	ka	ti	

Umsebenzi

Umsebenzi: Hlukanisa amagama ngokwamalunga	
UNono	
UBathathe	
uKuku	
inkukhu	
ikati	
inja	
amachwane	

Esifundweni sesi-5:

Buza umfundi ngamunye ukuthi ufuye silwane sini ekhaya. Babonise amagama ngesikhathi befunda izithombe. Namuhla kudlalwa umdlalo ngendaba.

- **Buza,** "Obani abalingiswa?" UNono, uKuku, noBathathe
- **Buza,** "Ubani ozoba ichwane, umdlwane nomthinyane?"
- **Buza,** "Ubani ofuna ukuba umlingiswa: ikati, inja, isikhukhukazi?"
- **Buza,** "Ubani ozobuza ukuthi,' ubani lo'?

Awuqale ke umdlalo

- **Bakhumbuze** ukulandelana kwezehlakalo
- **Basize** ukukhumbula obani abalingiswa

Abanye bazosho ukuthi ubani umlingiswa, negama lomntwana wakhe, Basho nokuthi ubapha kanjani ukudla futhi yini igama lendlu yakhe.

Umsebenzi

Nikeza igama lalowo nalowo mlingiswa nomntwana wakhe kanye nendlu yakhe. Khetha kulamagama:
UNono uBathathe uKuku umdlwane umthinyane ichwane umbhede ikhaneli isikhundla baqhwishela ukudla bancela ubisi

Isithombe	Umlingiswa	Umntwana	Indlu
			
			
			

‘Nina nobabili! (Izinga loku-1)

Eyabasezingeni lokuqala abaqala ukufunda (izinga lemisindo)

Isihloko: “Nina nobabili!”

Ukulungiselela isifundo

Yiba nekhadi elinesihloko sencwadi.



Yiba namakhadi amagama amasha:

uheshane	isibani
incwadi	ifasitela
isilwane	balele
umbhede	utshani
izembe	ibhokisi
nobabili	incwadi

Esifundweni soku-1:

- **Xoxa ngekhava** yencwadi
- **Yethula** isihloko sencwadi: '**Nina nobabili**'
- **Buza**, "Kukuphi lapha uma ucabanga? Ingabe kusedolobheni, ekhaya noma ehlathini? Usho ngani? Yini ekulelikhaya?"
- **Khomba** amachwane,
- **Buza**. "Yini abantwana benkukhu?"
- **Chaza**, inkukhu ihlala esikhundleni esenziwe ngotshani.
- **Babonise** igama, '**utshani**'
- **Buza,** "Amachwane enzani?"
- **Yethula** isihloko sencwadi: '**Nina nobabili!**'
- **Abaqagele**, "Izokhuluma ngani lendaba? Yini usho kanjalo?"
- **Babonise,** Le ncwadi eyezinga-1 incwadi-2
- **Yisho**, "Zikhona ezinye izincwadi-4 zaloluchungechunge olubomvu abazozifunda umabeqeda le yesibili.

Uma kusasele isikhathi vula ikhasi elilandelayo.

- **Funda** isihloko: '**Nina nobabili!**'
- **Buza**, "Ubani lo ombonayo?"
- **Vula** ikhasi. Chaza ukuthi yabhalwa ngo2017 abakwa-Shuter & Shooter KwaZuluNatal nenombolo yencwadi
- Basize ukukwazi ukuzwa nokuphimisa imisindo: Balalele umsindo osekugcineni kwegama
  izembe > e
  uheshane > e
  isilwane > e
  ichwane > e
  umbhede > e
- Banike umsebenzi ozobasiza njengokukokelezela **u-e** bese bedweba isithombe ecelenikwegama

Umsebenzi: Kokelozela umsindo -e	
uheshane	
izembe	
isilwane	
umbhede	
ichwane	
uheshane	
izembe	

Esifundweni 2:

Khuluma ngezithombe.

- **Bakhumbuze** isihloko sencwadi: '**Nina nobabili!'**

Vula ikhasi-1

- **Buza,** "Obani laba ababili? Wenzani uheshane?"
- **Babonise** igama: '**uheshane'**
- **Buza**: "Ubani othanda uheshane? Ingabe uheshane uyisilwane sasekhaya na?"
- **Babonise** igama '**isilwane**'

Vula ikhasi-2

- **Buza,** "Obani laba? UKuku uphethe ini?".
- **Babonise** igama '**izembe'**
- **Buza**: "Wenzani uKuku noheshane?"
- **Babonise** igama '**nobabili**'

Vula ikhasi-3,

- **Buza,** "Obani laba? Konje sithe yini abantwana benkukhu? Enzani **amachwane**?"

Vula ikhasi-4,

- Buza, "Kwenzekalani manje? Yini igama lalesilwane?".
- **Babonise** igama '**uheshane**'

Vula ikhasi-5,

- **Buza,** "Obani konje laba?"
- **Babonise** la magama '**uKuku, amachwane'** ukubakhumbuza.
- **Buza, "**Benzani uKuku namachwane akhe?"

Vula ikhasi-6,

- **Buza,** "Yini le?"
- **Babonise** igama '**isibani'**
- **Buza, "**Sisebenza ukwenzani? Sikuphi?"
- **Babonise** igama '**ibhokisi'**

Abaqagele sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo.

Yisho, Siyoqhubeka ngelinye ilanga.

Basize ngokukwazi ukuzwa umsindo osekuqaleni kwegama.Yisho lamagama bona basho umsindo abawuzwa ekuqaleni:

Uheshane > u
Izembe > i
Ibhokisi >i
uNono >u
uKuku > u

Umsebenzi:

Faka unkamisa ofanele ekuqaleni kwalamagama, khetha kulaba: a e i o u

Umsebenzi: bhala igama uqale ngonkamisa ofanele	
-heshane	
-bhokisi	
-zembe	
-Nono	
-chwane	
-Kuku	
-sibani	

Esifundweni 3:

- **Bakhumbuze** ngesihloko. '**Nina nobabili**'
- **Buza,** "Obani abalingiswa? Sibagcine benzani?"

Vula la nigcine khona

- **Buza**, "Qagela sekuzokwenzakalani?"

Vula ikhasi-8,

- **Buza,** "obani laba? Kwenzakalani? Konje abantwana benkukhu babizwani?"
- **Babonise** igama '**amachwane**'

Ikhasi-9

- **Buza**, "Wenzani uNono? Yenzani imithinyane?"
- **Babonise** igama: '**imithinyane**.'
- **Buza, "**Balele kuphi uNono nemithinyane?"
- **Babonise** igama: '**umbhede**'

Ikhasi 10 no 11

- **Buza,** "Obani amagama abalingiswa kulendaba? Ingabe benzani uma ucabanga?"

Ikhasi 12 no 13-

- **Buza,** "Ingabe sekwenzakalani manje?
- **Bheka** uKuku, uNono noBathathe, "Kungani bebukeka bethukile/bemangele?"

Abaqagele kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo.

Basize bakhethe igama elihambisana ne-sithombe:

Ikati
Inja
Uheshane
Inkukhu
Ikhaneli

Umsebenzi:

Qondanisa isithombe negama

Izithombe	Amagama
	ikati
	ikhaneli
	inkukhu
	inja
	uheshane
	ichwane

Umsebenzi: Qondanisa labalingiswa nabantwana babo bese ubhala igama lomntwana

Isithombe somlingiswa	Isithombe somntwana	Igama lomntwana
		umthinyane
		umdlwane
		ichwane

Esifundweni 4:

Buza umfundi ngamunye ukuthi bafuye silwane sini ekhaya. Phinda ubabonise amagamangenkathi befunda izithombe

Umfundi ngamunye mnike ithuba lokufunda:

Ikhasi-1:

- **Buza,** "Ubani lo? **Umfundi**: "Lo uKuku noheshane ophethe izembe."

Ikhasi-2:

- **Buza,** "Ubani lo?" **Omunye umfundi:** Lo uKuku noheshane nechwane.
- **Buza,** "Kwenzekani kuKuku noheshane?" **Omunye umfundi**: Bayaxabana/ babanga izembe

Ikhasi-3:

- **Buza,** "Obani laba?" **Omunye umfundi:** "Lawa amachwane akhalela uKuku."

Ikhasi-4:

- **Buza** "Ubani lo?" Omunye umfundi: "Lo uheshane esehamba nezembe lakhe"

Ikhasi-5:

- **Buza,** "Ubani lo?" **Omunye umfundi**: "Lo uKuku namachwane sebeya ekhaya"

Ikhasi-6:

- **Buza,** "Yini le?" **Omunye umfundi**: "Lesi isibani sokukhanyisa siphezulukwebhokisi"

Ikhasi-7:

- **Buza,** "Ubani lo?" **Omunye umfundi:** "Lo uKuku namachwane,uKuku ufundelaamachwane indatshana"

Ikhasi-8:

- **Buza**, "Ubani lo?" **Omunye umfundi:** "Lo uKuku namachwane akhe baleleesikhundleni"

Ikhasi-9:

- **Buza,** "Ubani lo?" **Omunye umfundi:** "Lo uNono nemithinyane balele embhedeni."

Ikhasi 10 no 11:

- **Buza,** "Ubani lo?" **Omunye imfundi**: "Lo uBathathe nemidlwane. UBathathe uyakhonkotha imidlwane ilele kukhaneli"

Ikhasi 12 no 13:

- **Buza**, "Obani laba?" **Omunye umfundi:** "Laba abangani abathathu, uKuku, uNononoBathathe bebukeka bethukile."

Ikhasi-14:

- **Buza**, "Ubani lo?" **Omunye umfundi**: "Lo uKuku"

Basize ngokususa umsindo osekuqaleni ufake omunye ukwakha elinye igama

Uheshane- susa u **-u ufake u-o > o/heshane**

Nobabili- susa u-**n ufake u -b > bobabili**

uKuku- susa u-**u ufake u -o > oKuku**

Umsebenzi:

Ake ukokelezele unkamisa **-e** no **-i** kulamagama

Nobabili	isibani
uheshane	isilwane
uKuku	izembe
inja	incwadi
uNono	balele
uBathathe	ibhokisi
ichwane	umthinyane
ikhaneli	umdlwane

Esifundweni 5:

Namuhla kudlalwa umdlalo ngendaba.

- **Buza**: “Obani abazoba abalingiswa?” UNono, uKuku, uBathathe
- **Buza**: “Ubani ozoba umdlwane, ichwane nomthinyane?”
- **Buza**, “ubani ozobuza ukuthi –ubani lo?”

Abanye bazosho ubani umlingiswa, negama lomntwana wakhe, Basho ukuthi ubapha kanjaniukudla nokuthi yini igama lendlu yakhe.

Basize ukuhlukanisa amagama ngokushaya izandla imisindo esemagameni

UNono > u/N/o/n/o

uheshane	**uBathathe**	**ukudla**	**ubisi**
ichwane	**uKuku**	**ekhaya**	

Umsebenzi:

Hlukanisa lamagama ngokwemisindo:	
uKuku	u/K/u/k/u/
Inkukhu	
Ikati	
inja	
uheshane	
ichwane	
uNono	
uBathathe	

Ekugcineni qikelela ukuthi bonke abafundi sebeyakwazi ukuyifunda lencwadi ngokuzimela.

Isihloko sencwadi: Deda Bo! (Izinga loku-1)

Eyabasezingeni lokuqala abaqala ukufunda (izinga lemisindo)

Ukulungiselela isifundo:

Yiba nekhadi lesihloko sencwadi.

Deda bo!

Yiba namakhadi alamagama alandelayo:

lfosholo	izimbali
uHele	isibhakabhaka
amaphiko	lzembe/ imbazo
umgodi	onsundu
umgqakazo	umgqomo
amanzi	gqiba
isihlahla	amachwane

Esifundweni soku-1

- **Xoxa** ngekhava nesihloko
- **Buza**: “Kukuphi nendawo lapha? Isemnyango noma endlini? Kusemakhaya noma edolobheni? Usho ngani? Ubonani?”
- **Khomba** ifosholo.
- **Buza,** “Yini igama laleli thuluzi? Lisebenziswa kuphi? Likhona yini ekhaya?
- **Chaza**, ifoshela sigumba ngalo futhi silisebenzisa engadini.
- **Khomba** isithombe senkukhu**.**
- **Buza, “**Yenzani inkukhu?”
- **Yethula** isihloko sencwadi



- **Buza**, “Qagela ukuthi incwadi izokhuluma ngani?”
- **Chaza** isihloko, **‘Deda’ kusho ukuthi suka noma qhela eduze kwami**

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza**, incwadi ishicilelewe ngonyaka ka-2017, abakwa-Shuter&Shooter.

Vula ikhasi 1

- **Buza**, “Obani laba? Benzani lapha?
- Buza, “Unjani umbala kaKuku?
- **Babonise** igama elithi ‘**onsundu**’
- **Buza**: “Ubani odla inyama yenkukhu?”
- **Buza, “**Udlani uKuku? Liphuzani ichwane?”
- **Babonise** igama ‘**umgqakazo’** negama ‘**amanzi’**
- **Chaza** igama ‘umgqakazo’

Basize ukukwazi ukuzwa umsindo **‘d’** ekuqaleni kwegama.

Dlalani umdlalo wokuphakamisa izithupha uma bezwa umsindo ‘d’ ekuqaleni kwegama.

deda
duda
amaphiko
amanzi
deka
dudula
isibhakabhaka

Umsebenzi

- **Banikeze lo** umsebenzi uma sebeyohlala phansi

Kokelezela umsindo ‘d’ kulamagama	
dubula	isibhakabhaka
amaphiko	Izembe/ imbazo
duma	deka
umgqakazo	umgqomo
amanzi	udaka
dideka	amachwane

Bakhumbuze isihloko: ‘**Deda Bo!**’

Vula ikhasi-2,

- **Buza**, “Ubani lo osesithombeni “Uphetheni esandleni?”
- **Khomba** igama elithi “**uhele**”,
- **Chaza,** uhele isilwane esindizela phezulu kakhulu kunezinye esidla amachwane enkukhu njengoba sibona uKuku evikela ichwane lakhe ethi “Deda Bo! Kumntwana wami”.
- **Khomba** igama **‘izembe’**
- **Chaza,** ithuluzi elisebenziswa ukukabha noma ukugawula izinkuni.
- Khomba amaphiko
- Buza, “Yini le?”
- **Chaza** ‘amaphiko’ babonise igama
- **Buza, “**Ingabe uHele ufuna ukwenzani ngezembe?”

Vula ikhasi-3

- **Buza**, “Kungani uKuku evule amaphiko futhi emile ngaphambi kwechwane lakhe?”

Abafundi abaqqagele ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo.

Vula ikhasi-4

- **Buza**, “UKuku wenzani noHele? Ingabe uzolenzani izembe uKuku? Ucabanga ukuthi usezokwenzani manje uHele?”

Vula ikhasi-5

- **Buza,** “Asemangaki manje amachwane? Ingabe kungani uKuku ephuca uHele izembe?


Kungani amachwane emi phezu kwedwala?”

- **Khomba** idwala.
- Buza, “yini le?”
- **Babonise** igama ‘**idwala**’
- **Chaza**, itshe elikhulu kakhulu elisindayo.

Abafundi abaqagele okuzokwenzeka ekhasini elilandelayo. Basize ukuzwa imisindo ekugcineni kwamagama.

Uhele, idwala, izembe, amachwane, amanzi.

Umsebenzi:

Sebenzisa imisindo [a, e, i, o] ukufaka umsindo ofanele ekugcineni	kwamagama
 uhel/ uheshan	
 idwal-	
 lzemb-	
 amachwan-	
 amanz	

Esifundweni sesi-3:

Qhubeka ngokukhuluma ngezithombe

- **Bakhumbuze** ngesihloko: '**Deda bo!**'
- **Buza,** "Ubefunani uHele? Ukwazile ukuthola abekufuna?"
- **Buza**, "Ubani ofikile? Konje ubephethe ini ekhasini elidlule?"

Vula ikhasi-4).

- **Buza**, "Uma ucabanga sekuzokwenzekani?"

Vula ikhasi- 6

- **Buza**, "Wenzani manje uKuku? Likuphi izembe?

Vula ikhasi-7

- **Buza**, "Wenzani uHele?" "Ucabanga ukuthi usazobuya ukuzothatha amachwane noma izembe lakhe kuKuku?"

Vula ikhasi-8

- **Buza, "**Yini etshaliwe kuleli khaya? Ugubhelani uKuku?"
- **Khomba** igama elithi '**ifosholo'**
- **Chaza,** lisebenziswa uma uzogubha umgodi.
- Khomba igama elithi '**umgodi'** uchaze.
- **Yisho,** "UKuku usebeke izembe eduze nomgodi".
- **Khomba** amagama **'gqiba'**, '**izimbali'** uwachaze.

Vula ikhasi-10


- **Buza,** "Nibonani? Uvuliwe yini umnyango? Ingabe uwiswe yini umgqomo? Umnyango ungumbala onjani?"
- **Khomba** igama '**onsundu', 'umgqomo'**

Abafundi abaqagele ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo.

- **Basize** ukukwazi ukuzwa umsindo osekuqaleni kwegama**.**
  Izimbali, uhele, umnyango, umgqomo, izembe

Umsebenzi:

Bhala umsindo osekuqaleni kwegama lesithombe bese ufaka imibala esithombeni

Isithombe	Amagama	Bhala umsindo osekuqaleni
	Izembe	
	uHele	
	Umgqomo	
	Izimbali	
	Umnyango	

Esifundweni sesi-4

Uqhubeka ukuxoxa ngezithombe

- **Buza**, “Imaphi amanye amathuluzi asetshenziswa ukugubha umgodi noma ukutshala?”
- **Bakhumbuze** ngesihloko sencwadi: ‘**Deda Bo!**’

Vula ikhasi-11

- **Buza**, “Ingabe ubuya kuphi uKuku nefosholo? Ingabe uqedile abekwenza? Ucabangaukuthi ubekuphi? Kungani usho njalo?”

Vula ikhasi-12

- **Buza**, “UKuku wenzani manje? Yini oyibona phakathi endlini? Ekhaya kini ifosholololihlala kuphi?”
- **Bakhombise** igama elithi **umgqomo** uchaze.

Vula ikhasi-13

- **Buza,** “Usawubona umgodi? Ingabe ugqibe ini emgodini?”
- **Bakhombise** igama elithi ‘**isibhakabhaka**’ chaza.

Vula ikhasi -14

- **Buza.** “Ukuphi manje uKuku? Uhleli nobani? Ingabe aphephile amachwane achemanje? Kungani usho njalo?”

Basize ukubona imisindo yamagama ngokushaya izandla

1. u/K/u/k/u/
2. u/H/e/l/e/
3. u/m/gq/o/m/o/
4. a/m/a/chw/a/n/e/
5. u/m/gq/a/k/a/z/o/

Umsebensi:

Funa amagama eshadini ufake imibala engafani

F	u	K	u	k	u	b	p	y
b	H	a	i	L	s	x	e	h
o	e	u	m	g	q	o	m	o
g	l	M	k	J	d	e	n	D
q	e	l	G	z	o	R	Q	i
a	m	a	c	h	w	a	n	e
u	m	g	q	a	k	a	z	o

Esifundweni sesi-5:

Abafundi bazofunda izithombe ngamunye. Nikeza wonke umfundi ithuba ngaphambi kokuphela kwesikhathi.

Ikhasi-1

- **Buza**, “Obani laba? Benzani? Umfundi, Le inkukhu namachwana bayadla.

Ikhasi-2

- **Buza,** “Ubani lona, uphetheni?” **Omunye umfundi**, “UHele uphethe imbazo”

Ikhasi-3

- **Buza**, “Ubani lo? Uvikela ini?” **Omunye umfundi**, “UKuku uvikela ichwane lakhe?

Ikhasi-4

- **Buza**: “uKuku umuphuca ini uHele? Ubani othethayo?” **Omunye umfundi**,“Umephuca imbazo. UHele othethayo.”

Ikhasi-5

- **Buza** “Obani laba?” “Babaleke kuphi?” **Omunye umfundi,** “Amachwane abalekileayoma edwaleni.”

Ikhasi-6

- **Buza,** “ubani lo?” “Wenzani?” Omunye umfundi: uKeke uwile phansi.

Ikhasi-7

- Buza thisha: “ubani lo?” “Uphoxwe yini?” Omunye umfundi: uHele. Uphucwe izembe.

Ikhasi-8

- **Buza,** “Ubani lo? **Omunye umfundi**: “UKuku ugubha itshe.”

Ikhasi-9

- Buza, “ubani lo?” **Omunuye umfundi**, “UKuku ugqiba ifosholo.”

Ikhasi-10

- **Buz**a thisha: “ubonani?” **Omunye umfundi**, “Umgqomo uwile phansi.”

Ikhasi-11

- **Buza** “Ubani lo?” **Omunye umfundi, “U**Kuku ubuya ukuyogqiba ifosholo.”

Ikhasi-12

- **Buza,** “Ubani lo?” **Omunye umfundi, “Lo** uKuku uvula umnyama uyangena endlini.”

Ikhasi-13


- **Buza**, “Uphi umgodi?” **Omunye umfundi**, “Umgodi sewugqibile.”

Ikhasi-14

- **Buza** “Ubani lo?” **Omunye umfundi:** uKuku namachwane wakhe bahleli endlinibaphephile.

Umsebenzi:

Nikeza lezi zithombe izinombolo ebhokisini ukuze ubonise ukuthi indaba usayikhumbula



Esifundweni sesi-6

Abafundi bazofunda ikhasi ngamunye

Uma abafundi befunda babonise amagama amakhadi.

Akufunde umfundi ngamunye. Bonke banike ithuba lokufunda ngaphambi kokuphelakwesikhathi.

Ikhasi-1

- **Buza**, “Obani laba?” **Umfundi**, “UKuku namachwane bayadla.”

Ikhasi-2

- **Buza**, “Ubani lona?” **Omunye umfundi, “U**Hele uphethe imbazo.”

Ikhasi-3

- **Buz**a, “Ubani lo?” **Omunye umfundi**, “UKuku uvikela ichwane lakhe.”

Ikhasi-4

- **Buza**, “Kwenzekani manje?” **Omunye umfundi**, “UKuku uthatha imbazo kuHele.”

Ikhasi-5

- **Buza,** “Obani laba?” **Omunye umfundi**, “Amachwane, abaleke ayoma edwaleni.”

Ikhasi-6 no 7

- **Buza,** “Kwenzekani la?” **Omunye umfundi**, “UKuku uphuce uHele izembe wazewawela phansi.”

Ikhasi-8 ne- 9

- **Buza** “Wenzani manje uKuku?” **Omunye umfundi**, “UKuku ugubha umgodi ngefosholo ukuze agqibe imbazo.”

Ikhasi-10 ne-11

- **Buza**, “Sekwenzakalani manje futhi kukuphi la?” **Omunye umfundi**, “UKuku usebuyela ekhaya lakhe wafica umgqomo ulele phansi.”

Ikhasi-12 ne-13

- **Buza**, “Wenzani uKuku manje?” **Omunye umfundi**, “UKuku uvula umnyango uyangena endlini.”

Ikhasi-14

- **Buza**, “Usekuphi manje uKuku, Ingabe ujabulile?” **Omunye umfundi, “U**Kuku namachwane akhe bahleli esikhundleni bajabulile.”

Basize ngokukwazi ukususa umsindo ekugcineni bese befaka omunye ukwakha elinye igama.
uHele, susa u-e ufake u -o >**uHele**

uKuku, susa u u ufake -a > **uKuka**

imbazo, susa u -o ufake u -I > **imbazi**

Umsebenzi

Ake ususe umsindo osekugcineni ufake onkamisa ofanele ukwakha elinye igama beseuyalifunda

uHele	uhelo
balele	balel-
isilwane	isilwan-
umbhede	umbhed-
imbazo	imbaz-
nobabili	nobabil-
indlu	indl-

Esifundweni sesi-7

Mabadlale umdlalo

- **Buza-** "Obani abazoba abalingiswa, UKuku, UHele namachwane?"
- **Khetha** ozoxoxa indaba ngesikhathi abalingaswa belingisa indaba.
- Abanye abafundi bazobe bephendula umxoxi wendaba uma ebuza.

Basize ukuhlukanisa amagama ngokwemisindo. Bashaye izandla emisindweni yamagama besebesho mingaki imisindo.

uHele > u/H/e/l/e
umgqomo > u/m/gq/o/m/o/
amanzi > a/m/a/nz/i/
amachwane > a/m/a/chw/a/n/e/
uKuku > u/K/u/k/u/

Banikeze umsebenzi uma sebeyohla phansi:

Umsebenzi

Hlukanisa amagama ngokwemisindo	
uHele	u/H/e/l/e/
umgqomo	
amanzi	
amachwane	
uKuku	
izembe	

Isihloko sencwadi: Ukuku Nezembe. (Izinga loku-1)

Le ncwadi eyabafundi **abasasemisindweni**

Ukulungiselela isifundo

Yiba nekhadi lesihloko sencwadi.

UKuku nezembe

Yiba namakhadi alamagama alandelayo:

uHele	mbatha
ngqongqoza	lunguza
ifosholo	bayaxoxa
amachwane	ingubo
uKuku	onsundu
inja	baleka
ikati	Bathathe
uNono	vikela
udiniwe	uyamemeza

Esifundweni soku-1:

- **Xoxa** ngekhava yencwadi
- **Buza**: "Kukuphi lapha?" "Ingabe kusendlini? Kusemakhaya noma edolobheni?"
- **Khomba** izembe
- **Buza,** "Lenkukhu iphethe ini? Izolenzani leli thuluzi? Likhona yini ekhaya kini?"
- **Babonise** igama '**izembe**'.
- **Chaza**, lisetshenziswa kuphi leli thuluzi nokuthi obani abalisebenzisayo.
- **Yethula** isihloko sencwadi

UKuku nezembe

- **Buza, "**Qagela ukuthi ingabe incwadi izokhuluma ngani?"
- **Chaza isihloko,** UKuku inkukhu, izembe ithuluzi lokukamba.

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** "Incwadi ishicilelwe ngonyaka ka-2017, abakwa-Shuter&Shooter". Inamba yencwadi-ISBN

Vula ikhasi -1,

- **Buza**, "Ubani lo?" "Kwenzakalani lapha?"
- **Batshele** igama lalenyoni '**uHele' uyangqongqoza emnyango.**
- **Babonise** amagama: **'uHele' 'ngqongqoza'**
- **Buza**: "Ubani owake wabona uHele? Wamubona kuphi?"
- **Bakhombe** igama **ifosholo** uchaze.

Vula ikhasi-2 ne-3

- **Buza,** "Kwenzakani manje? Wena unayo ingubo? Kungani evula umnyango kancane?"
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi uKuku wenzenjani uma ebona ukuthi uHele? Ucabanga ukuthi ufuna ini uHele ekhaya likaKuku?
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Basize bakwazi ukuzwa umsindo osekeqaleni kwegama. Yisho igama bese besho umsindo abawuzwa ekuqaleni

ifosholo > i

izembe > i-

uHele > u-

ngqongqoza > ngq-

uKuku > u

Bathathe > b

vikela > v

Babonise amagama bese bebona nezinhlamvu zemisindo ezisekuqaleni kwamagama.

Umsebenzi:

Bhala umsindo osekuqaleni kwegama	
lunguza	l-
bayaxoxa	
ingubo	
uyamemeza	
onsundu	
baleka	
Bathathe	
vikela	

Esifundweni sesi-2:

Khumbuza abafundi ngesihloko:

UKuku nezembe

Vula ikhasi-4 ne-5

- **Buza**, “Ucabanga ukuthi uKuku ufuna ukwenzani njengoba esephumile emnyango?”
- **Babonise** igama ‘**vula**’.
- **Buza,“**Ingabe uHele uyakuphi? Wena ubungaphuma uma unguKuku?”
- **Buza,** “Ucabanga ukuthi uHele uxoxani noKuku? Ingabe ufuna ini?”
- **Khomba** igama ‘**bayaxoxa**’
- **Buza, “**Qagela ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?”

Vula ikhasi-6 ne-7

- **Buza,** “Ingabe ujabulile uHele uma ucabanga? Kungani uKuku eshiya ekhaya lakhe?”
- **Khomba** igama ‘**uyamemeza**’ nelithi ‘**baleka**’
- **Buza,** “Uvulelani uKuku amaphiko?” “Ucabanga ukuthi usezokwenzani manje?”

Vula ikhasi-8-9

- **Buza,** “Sebenzani manje uHele noKuku? Ingabe bajabulile? Kungani usho njalo?
- **Buza, “**Qagelani sekuzokwenzekalani ekhasini elilandelayo.?”

Basize bakwazi ukuzwa amalunga emagameni:
Abashaye izandla kulelo nalelo lunga.
ifosholo > i/fo/sho/lo/

izembe > i/ze/mbe/

uHele > u/He/le/

ngqongqoza > ngqo/ngqo/za/

uKuku > u/ku/ku/

Bathathe > ba/tha/the/

vikela > vi/ke/la/

Umsebenzi:

Hlukanisa ngokwamalunga lamagama	
lunguza	lu/ngu/za/
bayaxoxa	
ingubo	
uyamemeza	
lu/ngu/za/	
onsundu	
baleka	
Bathathe	
vikela	

Esifundweni sesi-3:

- **Bakhumbuze** ngesihloko: '**UKuku nezembe**'
- Vula lapho kugcinwe khona.
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi sekuzolandela ini endabeni?"

Vula ikhasi-10 ne -11

- **Buza**, "Kuyini lokhu okusasilwanyana okunomubala ophuzi? Ingabe izingane zikaKuku noma zikaHele? Zibizwa ngani lezi zilwanyana?"
- **Khomba** igama '**amachwane**'
- **Buza, "**Ingabe inkukhu ikhala kanjani ngokuyazi kwakho?"
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi uKuku wenzani? UHele ufuna ukulenzani ichwane?"
- **Khomba** lamagama '**vikela, amaphiko**'

Vula ikhasi -12 ne-13,

- **Buza,** "Ubani lo osemuva kukaHele? Ubani lo oseceleni kwefasitela lendlu? INgabe babuka ini phansi? Ucabanga ukuthi sekuzokwenzekani manje ekhasini elilandelayo? Usho ngani?"
- **Khomba** amagama, '**Bathathe, Nono, amachwane**'
- **Babonise** igama 'hebe'
- **Buza,** "Kusuke kwenzenjani uma sithi: "Hebe!" ?
- **Chaza,** sisuke sikhuza uhele uma efuna ukuthatha amachwane.

Vula ikhasi -14,

- **Buza**, "Kwenzakalani manje?" ucabanga ukuthi uyaphi nechwane?" "Ingabe uyolidla noma uyohlala nalo?"

Basize ukukwazi ukuzwa nokubona amalunga asekugcineni emagamemi:
uKuku > ku

izembe > mbe

ifosholo > lo

amachwane > ne

Hele > le

Bhala ilunga elisekugcineni kwegama

lunguza	za
bayaxoxa	
ingubo	
uyamemeza	
onsundu	
baleka	
Bathathe	
vikela	

Esifundweni sesi-4

Kufunda umfundi ngamunye

- **Bakhumbuze** ngesihloko sencwadi: **UKuku nezembe**

Ikhasi-1

- **Buza thisha:** "Ubani lo? Wenzani?" **Omunye mfundi**, "uHele, uyangqongqoza"

Ikhasi-2

- **Buza thisha:** "Ubani lo osevula umnyango?" Umbatheni?" **Omunye umfundi,** "UKuku, umbathe ingubo."

Ikhasi 3

- **Buza thisha:** "Kwenzekeni ngomnyango? Ume kuphi? **Omunye umfundi,** UsuvaliweUHele ume eduze nefosholo."

Ikhasi 4

- **Buza thisha:** "Ubani lo?" "Wenzani?" **Omunye umfundi,** "UKuku, uyahamba"

Ikhasi 5

- **Buza thisha:** "Ubani lo" "Uvula umlomo wenzani? Umfundi: "UHele uxoxa noKuku."

Ikhasi 6 ne-7

- **Buza,** "Ubani lo?" "Kwenzekani ngaye?" "Lo omunye yena wenzani?" **Omunye umfundi,** "UKuku, udiniwe ugoqe izandla." "UKuku uyamemeza uyagijima."

Ikhasi 8 ne- 9

- **Buza,** "Obani laba?" Sebenzani manje?" **Omunye umfundi,** "UHele noKuku bayaxoxa"

Ikhasi 10 ne-11

- **Buza,** "Obani laba?" **Omunye umfundi,** "Laba amachwane, abantwana bakaKuku"
- **Buza,** "Obani laba? Benzani?" **Omunye umfundi,** "UKuku uvikela ichwane lakhe, uHele ufuna ukulithatha ngenkani"
- **Buza, "Sikhala sithini isikhukhukazi uma sivikela amachwane aso?"**
- **Babonise ikhadi 'Ge ge ge ge gekege!'**

Ikhasi 12 ne-13

- **Buza,** "Obani laba? Benzani?" **Omunye umfundi,** "Inja, uHebe, ikati, amachwane noKuku, babuka uKuku edla namachwane akhe."

Ikhasi-14

- **Buza,** "Ubani lo futhi wenzani manje?" **Omunye umfundi,** "UHele undiza nechwane."

Basize ngokuzwa nokubana imisindo yezinhlamvu emagameni. Bashaya izandla emisindweni yezinhlamvu.

Inkukhu > i/nk/u/kh/u/

Uheshane >u/h/e/sh/a/n/e/

Umdlwane > u/m/dlw/a/n/e/

Ikatshana > i/k/a/tsh/a/n/a/

Umsebenzi

Hlukanisa amagama ngokwemisindo yezinhlamvu	
umdlwane	u/m/dlw/a/n/e/
ikatshana	
ichwane	
uheshana	
Inkukhu	
Uhele	
inja	
ikati	

Esifundweni sesi-5

Abadlale umdlalo

- **Buza-** “Obani abazoba abalingiswa bendaba?”
- **Buza:** “Ubani ozoba uKuku, uHele, uBathathe, uNono?”
- **Khetha** uKuku, uNono, uHele namachwane.
- **Buza:** “Obani abazoba amachwane?”
- **Buza:** “ubani ozoxoxa wendaba?”

Abanye-ke bazobe sebephendula ukuthi ubani lo umxoxi wendaba uma ebuza.

Basize ukukwazi ukuhlukanisa amagama ngokwemisindo yezinhlamvu.

inja > i/nj/a/

uKuku > u/K/u/k/u /

uHele > u/H/e/l/e/

ikati > i/k/a/t/i/

ifosholo > i/f/o/sh/o/l/o/

Umsebenzi

Hlukanisa amagama abalingiswa ngokwemisindo yezinhlamvu	
uNono	u/N/o/n/o/
uBathathe	
uKuku	
uHele	
amachwane	
inkukhu	
inja	
ikati	

Isihloko sencwadi: ‘UBathathe’ (Izinga loku-1)

Le ncwadi eyabafundi **abasasemisindweni**

Ukulungiselela isifundo:

Iba nekhadi elinesihloko sencwadi:

UBathathe

Yiba nalawa makhadi amagama amasha:

isithumbanja	isidleke
umbhede	inja
uBathathe	ukudla
boleka	ikati
imidlwane	indlu
inkukhu	izigxobo
utshani	isicabha
iwindi	ucingo
uKuku	uNono
izinkuni	imvula
ichwane	ophuzi
onsundu	bomvu

Esifundweni -1

- **Xoxa** ngekhava yencwadi.
- **Yethula** isihloko: '**UBathathe**'
- **Buza**, "Kukuphi lapha uma ucabanga? Ingabe kusesikoleni, ehlathini noma ekhaya? Usho ngani?"
- **Buza**, "Yini ekhona kuleli khaya? Zingaki izigxobo zalolu cingo?"

Vula ikhasi elilandelayo

- **Buza**, "Ubonani?"
- **Yethula** isihloko sencwadi '**UBathathe**'
- **Buza**, "Qagela izokhuluma ngani lendaba? Yini ucabange kanjalo?"
- Chaza, "Lencwadi eyesi -5, ikhona enye incwadi ye-6.

Uma kusasele isikhathi vula ikhasi elilandeleyo

- Funda isihloko '**UBathathe**'
- **Buza**, "Ubani lo osesithombeni?"
- **Vula** ikhasi elilandelayo.
- **Chaza**, "Yabhalwa ngo 2017 lencwadi, abakwa- Shuter & Shooter, KwaZulu Natal nenombolo yencwadi. 978 148 581 8604

Basize bakwazi ukuzwa umsindo ekuqaleni kwamagama.

Dlalani umdlalo wokuphakamisa izithupha uma uzwa umsindo **g**- ekuqaleni kwegama.

gekege

gagamela

hlala

sukuma

guga

geza

Babonise lamagama angehla.

Mababone umsindo -g ekuqaleni kwamagama

Umsebenzi 1

Kokelezela umsindo g- ekuqaleni kwamagama	
geza	Bathathe
ikati	gekege
Ge ge ge	Kuku
gula	gibela
ichwane	guguda

Esifundweni -2

- **Xoxa** ngezithombe
- **Bakhumbuze** ngesihloko sencwadi: '**UBathathe**'
- **Buza** imibuzo ngekhava

Vula ikhasi -1,

- **Buza**, "Ubani lo? Unjani umbala kaBathathe?"
- **Babonise** igama,

uBathathe

- **Khomba** indlu yenja.
- **Buza** yini le?
- **Chaza** indlu yenja ikhaneli/ isithumbanja.
- **Babonise** igama 'ikhaneli'

Isithumbanja/ ikhaneli

- **Buza**, "Unjani umbala wophahla lwesithumbanja/ khaneli?

Babonise igama- '**ubomvu**'

ubomvu

- **Buza**, "Ubani ofuye inja ekhaya? Ubani othanda inja?"
- **Khomba** imidlwane,
- **Buza**, "**Y**ini le?
- **Chaza**, "Abamntwana benja imidlwane."
- **Babonise** igama '**imidlwane**'

imidlwane

Vula ikhasi 2-3,

- **Buza**- Ubani lo?
- **Babonise** igama- '**uBathathe**'
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi uyaphi futhi uthini uBathathe ngoba ehamba eshiya ekhaya."
- **Babonise** lemisindo '**m m m m** ....' eshiwo uBathathe ecabanga
- **Buza**, "**U**bani ofuye inja? Ubani othanda inja? Yini eseceleni kwesithumbanja?"
- **Babonise** igama '**indlu**'
- **Buza**, "Ifulelwe ngani lendlu oyibonayo? **Babonise** igama '**utshani**'
- **Khomba** isicabha/ isivalo
- **Buza**, "Yini le? **Babonise** igama '**isicabha/ isivalo**'
- **Khomba** ifasitela.
- **Buza**, "Yini le? **Babonise** igama '**ifasitela**'
- **Buza** mangaki amawindi kulendlu? Mabili amawindi.
- **Khomba** izinkuni. **Buza** Yini le? **Babonise** igama '**izinkuni**'
- **Buza**, "Sinjani isimo sezulu? Ucabanga ukuthi kwenzekani kulelikhasi? Qagela kuzokwenzeka ini ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 4 ne-5

- **Buza**, "Wenzani uBathathe? **Babonise** igama '**uBathathe**'
- **Khomba** ikati. **Buza**, "Yini le? **Babonise** igama '**ikati**'
- **Chaza** igama lalelikati uNono. **Babonise** igama '**uNono**'
- **Buza**, "Ukuphi uNono?" **Babonise** igama '**umbhede**'
- **Khomba** inkukhu.
- **Buza** Yini le? **Babonise** igama '**inkukhu**'
- **Chaza** igama lenkukhu **uKuku**
- **Babonise** igama '**uKuku**'
- **Khomba** ichwane
- **Buza**, "Yini le? **Babonise** igama '**ichwane**'
- **Buza**, "Mangakhi amachwane? Anombala onjani?"
- **Babonise** igama '**ophuzi**'
- **Buza**, "**Ukuphi** uKuku namachwane akhe? Unombala onjani uKuku?"
- **Babonise** amagama '**isidleke, onsundu**'
- **Buza**, "**Qagela** kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Sizobuye siqhubeke namanye amakhasi ngokulandelayo

Basize ukukwazi ukuzwa umsindo oweqiwe emagameni.

- mdlwane > umdlwane
- kati > ikati
- chwane > ichwane
- machwane >amachwane

Umsebenzi

Gcwalisa ngomsindo ofanele ekuqaleni kwamagama. a, e i, o, u

_mdlwane
_machwane
_sithumbanjeni
_sidleke
_sivalo
-mbhede
-Kuku
-Nono

Esifundweni 3

- **Xoxa** ngezithombe
- **Bakhumbuze** isihloko **Babonise** ikhadi lesihloko



- **Babonise** la nagcina khona
- **Buza**, "**Si**gcine kwenzekani? **Qagela** sekuzokwenzakalani?"

Vula ikhasi 6-ne-7

- **Buza**, "Sekwenzekani manje? Konje yini abantwana benja? Konje yini indlu yenja?"
- **Babonise** igama '**imidlwane**, **ikhaneli**'
- **Khomba** uBathathe.
- **Buza**, "Konje ubani lo? Ufunani uBathathe? Ingabe ikati lilele kuphi? UNono ulele kuphi?"
- **Babonise** igama '**uBathathe**'
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 8 ne-9

- **Buza**, "Obani laba? Lilala kuphi ikati? UNono ulele kuphi?
- **Babonise** igama 'umbhede'
- **Buza**, "Linombala onjani ishidi alele kulo uNono? Ucabanga ukuthi uzizwa enjani uBathathe? "
- **Babonise** igama 'obomvu'

Vula ikhasi 10 ne-11

- **Buza**, "Ucabanga ukuthi kwenzekani kulelikhasi?"
- **Banike** ithuba basho abakucabangayo.

Phenya ikhasi 12 ne-13

- **Buza**, "Ingabe ucabangani uBathathe uma ubhekisisa umsila wakhe? Ucabanga ukuthi kwenzekeni lapha?"
- **Babonise** igama '**lalani**'

Vula ikhasi 14

- **Buza**, "Ucabanga ukuthi ziyephi ezinye izilwane? Kungani uBathathe elele yedwa ngaphandle?
- **Yisho**, "Siyofunda ngokuzayo."

Basise ukucozulula igama ngokwemisindo uma bengalikhumbuli. Bashaye izandla ukuhlukanisa imisindo.

UNono > **u/N/o/n/o/**

uBathathe > **U/B/a/th/a/th/e/**

Umsebenzi

Cozulula lamagama ngokwemisindo yezinhlamvu	
uKuku	u/K/u/k/u/
uNono	
uBathathe	
inja	
ikati	
lala	
nobabili	

Esifundweni 4

Kufunda umfundi ngamunye

Vula Ikhasi -1

- **Buza, "**Ubani lo? Ukuphi uBathathe? **Umfundi**, "UBathathe ukukhaneli."
- Buza, "Unobani uBathathe?" **Omunye umfundi**, " UBathathe unabantwana bakhe."
- **Babonise** igama '**uBathathe'**

Vula Ikhasi -2

- **Buza,** "Ubani lo? **Omunye umfundi,** "Lo uBathathe."
- **Buza, "**Sinjani isimo sezulu?" **Omunye umfundi**, "Imvula iyana."
- **Buza,** "Uthini uBathathe?" **Omunye umfundi, "**UBathathe uthi, "m m m m ..."

Vula ikhasi -4

- **Buza, "W**enzani uBathathe?" **Omunye umfundi.** "UBathathe ungqongqotha emnyango"

Vula ikhasi -5

- **Buza**, "OBani Laba, **omunye umfundi,** "Lo uNono, noKuku kanye namachwane akhe."
- **Buza, "**Bahlezi kuphi?" **Omunye umfundi,** "UNono uhlezi embhedeni, uKuku uhlezi esikhundleni."
- **Babonise** lamagama '**uNono, uKuku'**

Vula ikhasi 6-7

- **Buza,** "Nina nilala kuphi?' **Omunye umfundi,** "Nina nilala la. **Akhombe ikhaneli.**
- Buza, "OBani laba? Omunye umfundi, "Lo uNono embhedeni wakhe, Lo uKuku esikhundleni sakhe. Lo uBathathe umi emnyango. Lena imidlwane kaBathathe eceleni kwekhaneli."

Vula Ikhasi 8 ne-9

- **Yisho,** "Ake ufunde." **Omunye umfundi,** "UNono nami la."
- **Buza, "U**cabanga ukuthi ubani osho lamazwi? Usho ngani?"

Vula ikhasi -10

- **Chaza** uphawu. ?- umbuzo ngenxa yophawu.
- **Yisho,** "Ake sifunde." **Omunye umfundi,** "mina?"
- **Buza** Ubani obuzayo othi: mina? Usho ngani?"

Ikhasi -11

- **Buza**, "Obani laba?" **Omunye umfundi,** "UKuku isikhukhukazi, uNono ikati, noBathathe inja."
- **Yisho,** "Ake sifunde." **Omunye umfundi,** 'Nina nobabili?'
- **Bakhumbuze** uphawu lombuzo.
- **Buza, "**Ucabanga ukuthi ubani obuzayo? Yini indaba ebabuza kanje?" **Omunyeumfundi,** "UBathathe obuzayo ngoba abangani bakhe."

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Buza**, "Obani laba? **Omunye umfundi**, "Abangani uKuku, uNono no Bathathe kanye nemidlwane kaBathathe."
- **Yisho, "**Ake ufunde." Omunye umfundi, "Nono, Kuku, lalani!'
- **Babonise** uphawu umbabazi **'!'**
- **Chaza,** "Lusebenza uma ubabaza noma umemeza."
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi uBathathe yini ememeza ethi, abalale? Usho ngani?"

Vula ikhasi 14-

- **Buza**, Ubani lo? Wenzani? **Omunye umfundi,** "Lo uBathathe uyedwa endlini yakhe."
- **Buza, "**Baphi abangani bakhe manje?" **Omunye umfundi,** "UNono noKuku sebelele manje."

Basize bakwazi ukuzwa nokubona amagama anomsindo -l.

Yisho igama bese besho abafundi uma be-muzwa umsindo -l kulelo gama.

lalani
Nobabili
La
nilala

Umsebenzi 4

Kokolozela amagama elinomsindo -l			
bobabili			
	izinkuni	la	lkati
imidlwane			
lalani olubi	lndlu	nobabili	
	bala isicabha	lalela nilala	Bathathe lola

Esifundweni -5

Namuhla kudlalwa umdlalo ngendaba.

- **Buza**, “Obani abazoba abalingiswa?
- **Khetha** abalingiswa, UNono, uKuku, noBathathe.
- **Buza,** “Ubani ozoba ichwane, umdlwane?”
- **Buza,** “Ubani ozoxoxa indaba?’

Abanye bazosiza abalingiswa ukusho okufanele basize nomxoxi wendaba.

Basize ukukwazi ukuzwa nokubona imisindo emagameni.

Nobabili > n/o/b/a/b/i/l/i/

Lalani > l/a/l/a/n/i/

Nina > n/i/n/a/

Nilala > n/i/l/a/l/a/

Umsebenzi 5

Funda amagama bese uwahlukanisa ngokwemisindo	
lalani	l/a/l/a/n/i/
nobabili	
la	
mina	
nina	
nami	
nilala	

Isihloko sencwadi: ‘Amaqanda kaKuku’ (Izinga loku-1)

Le ncwadi eyabafundi **abasasemisindweni**

Ukulungiselela isifundo:

Yiba nekhadi elinesihloko sencwadi.

Amaqanda kaKuku

Yiba nalawa makhadi amagama amasha:

isithumbanja	isidleke	amaqanda	inja
uBathathe	ukudla	fukamela	ikati
imidlwane	umgqomo	inkukhu	ilanga
utshani	isicabha	iwindi	libalele
uKuku	uNono	amhlophe	imvula
ichwane	ophuzi	onsundu	obomvu

Esifundweni 1

- **Xoxa** ngekhava yencwadi.
- Yethula isihloko: 'Amaqanda kaKuku '
- **Buza**, "Kukuphi lapha uma ucabanga? Ingabe kusesikoleni, ehlathini noma ekhaya?Usho ngani?"
- **Buza,** "Ubonani, Uyawabona amaqanda? Mangaki amaqanda? Anombala onjani lamaqanda?
- **Babonise** igama, **'amhlophe'**
- **Yethula** isihloko sencwadi: **'Amaqanda kaKuku' Vula ikhasi elilandelayo**
- **Chaza, "Y**abhalwa ngo 2017 lencwadi, abakwa- Shuter & Shooter Kwazulu Natal nenombolo yencwadi.

Vula ikhasi -1

- **Buza** ubani lo? Unjani umbala kaKuku?
- **Babonise** igama

uKuku

- **Khomba** isikhundla
- **Buza** yini le?
- **Chaza** indlu yenkukhu isikhundla.
- **Babonise** igama '**isidleke.'**

isidleke

- **Buza** unjani umbala wamaqanda?
- Babonise igama- **'amhlophe'**

amhlophe

- **Buza**, "Ubani ofuye inkukhu ekhaya? Ubani othanda inyama yenkukhu?"
- **Khomba** utshani.
- **Buza:** yini le?
- **Chaza, "**UKuku wakha isikhundla sakhe ngotshani."
- Babonise igama, **'utshani'**

utshani

Vula ikhasi 2 ne-3,

- **Buza**, "Obani laba? Bangaki?"
- **Babonise** igama- uBathathe. UKuku. UNono
- **Khomba** umgqomo.
- **Buza,** "Yini le?
- **Babonise** igama **'umgqomo'**
- **Khomba** amaqanda. **Buza, "**Yini le?
- **Babonise** igama **'amaqanda'**
- **Buza, "M**angaki amaqanda? Ucabanga ukuthi kwenzekani kuleli khasi? **"Qagela** kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 4 ne-5

- **Buza, "W**enzani uBathathe? **Babonise** igama, '**uBathathe'**
- **Buza, "**Lenjani ikati?' **Babonise** igama **'ikati'**
- **Babonise** igama lekati. 'uNono'
- **Buza**, "Wenjani uKuku?" **Babonise** igama, 'uKuku'
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Chaza,** "Sizobuye siqhubeke namanye amakhasi ngokulandelayo."
- **Basize** bakwazi ukuzwa nokubona amagama anomsindo **–'k'** Abalalele amagama bese besho uma bezwa umsindo **–'k'** emagameni

Sebenzisa amagama asendabeni: **kaKuku, kunye, kubili, kuthathu, amaqanda, ubani,amabili**

Umsebenzi

Funda bese ufaka umbala emagameni anomsindo –‘k’	
kaKuku	kunye
kubili	babili
_amaqanda	kabi
kathathu	kokelezela
ubani	kama

Esifundweni 2

Qhubeka nokuxoxa ngezithombe

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba, '**Amaqanda kaKuku'**
- **Buza,** "Sigcine kwenzekani?
- **Babonise** la nigcine khona.
- **Buza,** "Qagela sekuzokwenzakalani?

Vula ikhasi 6 ne-7

- **Buza, "K**wenzakalani manje? Konje yini abantwana bekati?"
- **Bakhombise** igama, **'imithinyane'** .
- **Buza, "**Mingaki imithinyane? Yenzani?"
- **Khomba** ichwane.
- **Buza, "**UKuku wenzani? Ingabe izulu liyana noma libalele?"
- **Buza, "** Ucabanga ukuthi kwenzekani kulelikhasi?"

Vula ikhasi 8 ne-9

- **Buza, "**Kwenzakalani manje, Uphu uKuku namachwane akhe? Wenzani uBathathe?
- **Buza, "Hayi bo!** Ucabanga ukuthi uzolenzani iqanda uBathathe?"

Vula ikhasi 10 ne-11

- **Buza, "**Ucabanga ukuthi kwenzekani kulelikhasi? Banikeze ithuba basho abakucabangayo."
- **Buza, "**Uyaphi uBathathe manje? Ucabanga ukuthi kwenzekani kulelikhasi?"

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Buza**, "Hawu! Asemangaki amaqanda kaKuku manje? Babukeka benjani oKuku noNono? Ucabanga ukuthi kwenzekeni lapha?"

Vula ikhasi 14

- **Buza, "**Bheka uKuku, ucabanga ukuthi uthini njengoba ephakamise amaphiko? Uphi uBathathe manje?

Basize ukukwazi ukuzwa nokubona amalunga emagameni anomsindo 'k'.

Mabashaye izandla emagameni.

Babonise amagama bawakhe ngamalunga.

Kunye >ku/nye/

Kubili > ku/bi/li/

Kuthathu >ku/tha/thu/

kaKuku >ka/Ku/ku/

Umsebenzi

Hlukanisa amagama ngokwamalunga	
kunye	ku/nye/
kubili	
uKuku	
baleka	
kathathu	
wabaleka	

Esifundweni 3

Manje kufunda umfundi ngamunye.

- Bakhumbuze isihloko sendaba: '**Amaqanda kaKuku**'
- **Buza,** "Ubonani? Umfundi, "Amaqanda kaKuku."

Vula Ikhasi -1

- **Buza,"** Ubonani la?" **Kufunda omunye umfundi,** "amaqanda kaKuku"
- **Chaza, "**UKuku ufukamele amaqanda ukuze achamusele abe namachwane."

Vula Ikhasi -2

- Buza, "Mangaki amaqanda?" **Kufunda omunye umfundi**, "Mabili amaqanda."

Vula ikhasi -3

- **Buza,** "Hawu, asemangaki amaqanda?" **Kufunda omunye umfundi, "**Hawu! Asemathathu."
- **Chaza, "**Kumele sifunde ngokubabaza siphakamise izwi."

Vula ikhasi 4 ne-5

- **Yisho,** "Ake sibale abangani." **Kufunda omunye umfundi**, "Kunye, kubili, kuthathu."
- **Chaza, "**Ukhefane usho ukuthi phumula."
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi uthini uBathathe?" **Kufunda omunye umfundi**, "Balani nobabili."

Vula ikhasi 6 ne-7

- **Buza,** "Linjani izulu?" **Kufunda omunye umfundi**, "Hawu! Libalele."
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi uthini uKuku namachwane akhe?" **Kufunda omunye umfundi**, "Thina sizodlala elangeni."
- **Bakhumbuze** ngophawu lokubabaza!

Vula ikhasi 8 ne-9

- **Kufunda omunye umfundi**, "UKuku noNono bazodela."
- **Buza, "**Ingabe uthini uBathathe njengoba ethatha iqanda?" **Kufunda omunye umfundi**, "Leli elami"

Vula ikhasi 10 ne-11

- **Kufunda omunye umfundi**, 'Kunye kubili."
- **Buza**, "Wenzani uBathathe?" **Kufunda omunye umfundi**, "Wabaleka uBathathe.'
- **Buza, "**Ubalekelani uBathathe?"

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Buza**, "Ucabanga ukuthi bathini oKuku noNono?
- **Buza,** "Asemangaki amaqanda kaKuku?" **Kufunda omunye umfundi**, "Asemabili amaqanda kaKuku."

Vula ikhasi -14

- **Buza,** "Bheka uKuku ingabe uthini?" **Kufunda omunye umfundi**, "Ubani othathe iqanda lami?"
- **Buza, "**Ucabanga ukuthi uKuku uphatheke kanjani ukulahlekelwa iqanda lakhe?"
  Basize ukubona nokucozulula amagama ngokwemisindo, bashaye izandla emisindweni.

uBathathe > u/B/a/th/a/th/e/

amaqanda > a/m/a/q/a/nd/a/

kubili > k/u/b/i/l/i/

lami > l/a/m/i/

Umsebenzi 4

Thola amagama bese ufaka umbala

B	u	K	u	k	u	a
a	l	a	m	i	k	m
t	k	h	m	o	u	a
h	u	a	s	d	b	q
a	n	w	a	i	i	a
t	y	u	y	t	l	n
h	e	p	g	l	i	d
e	u	b	a	n	i	a

Esifundweni 5

- **Yisho,** "Namuhla kudlalwa umdlalo ngendaba."
- **Buza**, "Obani abalingiswa?" UNono, uKuku, noBathathe
- **Buza, "U**bani ozoba ichwane nomdlwane?"
- **Buza**, "Ubani ofuna ukuba umlingiswa uNono, uBathathe, uNono?"
- **Buza**, "Ubani ozoxoxa indaba?"
- **Yisho,** "Abanye basiza abalingiswa."
- **Buza, "W**awungenzenjani uma wawunguKuku ulahlekelwe yiqanda?"

Ake sisize uKuku athole iqanda lakhe.

Umsebenzi 5

Qondanisa isilwane kanye nomntwana waso

Isilwane	Umntwana
ikati	umdlwane
inja	ichwane
inkukhu	umthinyane

Eminye imisebenzi engenziwa emuva kokubasiza.

Ake uphendule lemibuzo

1. Ubani ozalela amaqanda? _
2. Ubalekeleni uBathathe? __
3. Ubani obala amaqanda kaKuku? _
4. Ubani ontshontshe iqanda likaKuku? ____

Funda lamagama ukokelezele umsindo 'k'

kunye	kubili	kuthathu
uKuku	akaKuku	wabaleka
boleka	kubi	kona

Thola lamagama

t	m	a	t	h	a	t	h	u	k	a	a
r	n	g	f	y	m	t	e	u	e	j	v
r	h	t	t	r	e	e	r	B	n	n	n
e	n	a	w	h	c	a	m	a	a	i	L
r	a	b	h	r	r	r	b	t	w	p	l
e	a	b	g	r	r	m	r	h	l	p	b
s	d	d	k	r	u	r	r	a	d	k	a
	d	v	b	h	c	c	v	t	i	l	L
t	n	x	t	p	p	h	j	h	m	m	e
g	a	i	z	z	c	z	x	e	i	b	L
i	q	i	d	l	e	k	e	h	h	h	e
i	i	i	n	k	u	k	h	u	j	m	m